


Lomshini ukhandwe ngokukhethekile ukuthi wakhe amatshe ezimbuzi
 Utholakala ezitolo ezithengisa izinto zokwakha.
 (ngemali elinganiselwa e-R1700 kunyaka ka 2017)
 Cela bakuordele l '***Haka goat block maker***'



Uma ungenawo umshini ungasebenzia isitsha sepulasitiki noma isiphi.
 Gxisha ngezandla ukuze kuhlangane kahle.



The contents of this document are the intellectual property of Mdukatshani and HPSA. Any information contained within this presentation may not be used, reproduced or distributed in any form, manner or variation without the prior written consent of Mdukatshani and HPSA. Recipes and methodologies contained in this document remain the intellectual Property of Mdukatshani and HPSA and if quoted, due reference as to the source should be indicated.



Indlela yokukhanda itshe lomsoco nomdlandla eliphakelwa izimbuzi



Le ncwadi ichaza iphinde ikhombise izithombe zokwakhiwa kwentshe lomsoco elinkwezwu liphakelwa izimbuzi.

Lelitshe lomsoco akufanele liphakelwe izimbuzi lilodwa kufanele kubekhona okunye ukudla ezikutholayo.

Lelitshe lenza izimbuzi zome kakhulu ngoba kwinguube kukhona netswayi ngaleyondlela kufanele kube namanzi anele ahlanzekile eduze nembuzi.

Imbuzi ngayinye idinga ukukhatha itshe elingalinganiselwa ezipunini ezi4 ngosuku, umfuyi kufanele aqikelele ukuthi izimbuzi zingagcini sezilikhuma.

Itshe liyanconya kakhulu ezinsikazini ezimithi noma ezinamazinyane futhi liyasiza kakhulu emazinyaneni kodwa kufanele aqale ukulikhatha enamaviki ama2 ezelwe.




Lelitshe liphephile emfuyweni alifakiwe isikhuthazi(urea)

Izithako

Lezithako ezi5 zitholakala ezitolo ezidayisa ukudla nemithi yemfuyo.

Amagama abadayisi angashintsha kodwa lokhu akumqoka inkani nje uma izithako zifana.

Sicela usebenzise ujeke ongu 2lt ukukala izithako. Bheka esithombeni uhlobo lojeke okulin-deleke ukuthi ulusebenzise.



Isithako	Inani lojeke
Course salt / Itswayi	2
HPC 36%	16
Maize meal/imphuphu	7
Molasses (liquid)/Uthiliki ongamanzi	7
Whitewash /ukaliki	2
Inani lamatshe ozowathola	39

Indlela yokuxova

Thola indawo ekhonkiwe noma uzikhonkele indawo lapho uzosebenzela khona okanye usebenzise useyili uma ungenayo indawo enjalo. Hlanganisa izithako ezomile zodwa zizezhlangane kahle ngaphambi kokuthi ufake utiligi. Sebenzisa isipeti ukuhlanganisa ingxube yakho uma kuhkona amageqele acube ngesandla aze ahlangane kahle nenhlama.

Vala amakhala ngesamfonyo ukuvikela ukuthi izintuli zingangeni emakhaleni.



Ukusebenzisa umshini wokwakha intshe

Gcoba umshini ngamafutha ukuze amatshe abhakeke kalula anganamateli uma usuwakhipha. Thela inhlama emshinini usebenzisa isipeti ugcinise ngomaka njengoba kwensiwe esithombeni. Gxisha ngensimbi ehambisana nomshini onezibambo. Nyathela amadlebe ensimbi yangaphezulu bese udonsa umshini. Donsa insimbi ehlukanisa amatshe. Susa wonke umshini uwubeke eceleni.

Omise ethunzini usuku olulodwa ngaphambi kokuthi uwaphakele izimbuzi.

